



Ukuhlomisa izingane zethu
ngelikusasa

Isiqinisiso 1

Isihloko sesifundo: Inkonzo yethu eNgcwele

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya



Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: **Inkonzo yethu eNgcwele**

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi uthule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	<p>Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofaza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSHS</p>
2.	<p>Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo:</p> <ul style="list-style-type: none"> • IBhayibheli • Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe • Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll. • I-Vidiyo kiliphi okuyisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho • Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). <p>Qaphela:</p> <p>2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile.</p> <p>2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho!</p> <p><i>Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.</i></p> <p>2.3: Lesisifundo silungele ibanga lesiQinisiso 1.</p> <p>2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho wesiQinisiso uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.</p>
3.	<p>Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba uthule ngayo.</p>



Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezululeko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. Isibonelo: Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela (I Also Want To....)
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo sesiQinisiso -1 nomunye umndeni osifundayo nawo.
2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.
3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.
4. Khuluma noMxhumanisi wesikole sangeSonto webandla lakho noma uThisha wesikole abazimisele ukukusiza.



Isifundo

Isihloko	Inkonzo yethu eNgcwele
Umbhalo weBhayibheli	UJohn 16: 13, 2 KwabaseKorinte 13: 13 kanye neZenzo 2: 42
Inhloso yesifundo	Izingane zifunda ukuthi izinkonzo eziNgcwele zisebenza ukupheleliswa kwemiphefumulo yazo.

Isifundo esifingqiwe:

Ukulungiselela ngaphambi kwenkonzo eNgcwele:

- I-Altare* lilungiselelwa inkonzo eNgcwele
 - Ø IBhayibheli libekwa phezulu kwe-altare.
 - Ø Izitsha zesiThebe esiNgcwele zilungisiwe.
 - Ø I-Altare lihlotshiswa ngezimbali.

Akulona i-altare kuphela elilungiselelwa inkonzo eNgcwele. Kwenziwa neminye imisebenzi.

- Icabazi (ishashalazi) lesonto liyanakekelwa futhi
- Indlu yokukhonzela iyahlanzwa njalo.
- Uma singena esontweni siyabingelelwa emnyango.

Konke lokhu kufaka isandla ekulungiseleleni isakhiwo sesonto inkonzo eNgcwele.

Ingabe sizilungiselela kanjani inkonzo eNgcwele na?

Inkonzo eNgcwele ingukuhlangana phakathi kukaNkulunkulu nabantu.

- Sigqoka ngendlela efanele indlu kaNkulunkulu.
- Siyazi ukuthi sidinga izwi likaNkulunkulu, ukuthethelelwa kwezono, neSidlo esiNgcwele seNkosi (ISithebe esiNgcwele).
- Siyakhuleka ngaphambi kwenkonzo eNgcwele futhi sizame ukuziqhelelanisa nenkambiso yempilo yansuku zonke.
- Ngokuthula silindela ukuqala kwenkonzo eNgcwele futhi sizindla ngeculo lokuvula.

Uhlelo lwenqubo yemikhuleko yenkonzo eNgcwele:

Izinkonzo zethu eziNgcwele zinephethini ehleliwe ngendlela egxilile:

- ICulo lokuVula lisimisela isimo senkonzo eNgcwele - kukhona ukuxhumana phakathi kweculo nentshumayelo.
- UMkhuleko wokuVula - uqala ngamagama okuqala: "Egameni likaNkulunkulu uBaba, iNdodana, noMoya oNgcwele...". Ngakho-ke, konke okusenkonzweni eNgcwele kwenzeka ngaphansi kwegunya likaNkulunkulu. Ngomkhuleko wokuvula sifuna ukuxhumana noNkulunkulu.
- Izwi leBhayibheli - umbhalo uthathwa eBhayibhelini futhi usebenza njengesisekelo sezwi / sentshumayelo.
- Emabandleni amaningi iKhwaya isekela intshumayelo yeziNceku ngamahubo afanele.
- INtshumayelo iyisimemezelo sezwi likaNkulunkulu. IziNceku, zikhuthazwa nguMoya oNgcwele, zifundisa ivangeli. Funda **NgokukaJohane 16:13**
- ICulo lokuPhenduka - lethula umgubho womkhosi weSidlo esiNgcwele seNkosi.
- Kulandela uMkhuleko weNkosi othandazwa ndawonye njengebandla, lapho sivuma khona izono zethu.
- INkululo (ukuThethelelwa kwezono) kuyamenyezwe futhi ukuthula koVukileyo kuyadluliselwa.



- UMkhuleko (weYukherisi) wesiThebe ungumthandazo wokubonga olandela ukuthethelelwa kwezono. Sibonga ukuthi uJesu waletha umhlathshelo wokuhlangana kwethu, ukuthi wasungula ibandla futhi wathumela - futhi usathumela - abaPhostoli.
- UkuNgcwele kwezithako zesinkwa newayini (ucwecwana), okungumzimba negazi likaJesu Kristu kuba yinto ekhona.
- Ngokuthola iSidlo esiNgcwele seNkosi, sizithathela isimo sikaJesu kithina futhi sithola amandla okunqoba. Siphinde siqinisekise ukuhlangana okuqhubekayo noKristu.
- INkonzo eNgcwele iphela ngomkhuleko - ukubonga ngokubakhona kukaNkulunkulu, nangeZwi nangeSakramente. Lokhu kulandelwa yizicelo zethu kanye nomakhelwane bethu kanye nesicelo sesibusiso sikaNkulunkulu ngeminikelo yethu.
- UMkhuleko weSibusiso – isibusiso: “Umusa weNkosi uJesu Kristu, nothando lukaNkulunkulu, nokuhlangana kukaMoya oNgcwele makube-nani nonke. Amen” (2 KwabaseKorinte 13: 13).
- Enkonzweni eNgcwele lemisebenzi elandelayo ingenzeka:
 - Ø UBhaphathizo oluNgcwele, ukuGcotshwa ngoMoya oNgcwele kanye nesiQinisiso kwenzeka ngaphambi kokuthi ibandla lithole iSidlo esiNgcwele seNkosi.
 - Ø Zonke ezinye izenzo zesibusiso zenzeka ngemuva kokuhlanganyela kwiSidlo esiNgcwele seNkosi (njengezibusiso zomshado, izibusiso zomgubho womshado, ukugcotshelwa ubusebenzi, njll.).

Ukuhambela njalo izinkonzo eziNgcwele kubalulekile kimina. Kungani na?

- Nginobudlelwano noNkulunkulu oyiziqu ezintathu emunye.
- Ngithola ukwazi ngentando kaNkulunkulu futhi ukholo lwami luyaqiniswa.
- Ngenziwa ukuba ngibenolwazi ngezono zami futhi ziyaxolelwa.
- Ngithola iSidlo esiNgcwele seNkosi, esigcina ubudlelwane obuseduze obuqhubekayo noJesu Kristu, kubalulekile emphefumulweni wami.
- AmaSakramente ayabiwa khona-lapha.
- Zinikeza ubudlelwane nabantwana bakaNkulunkulu lapha nasezinhlalweni zabeleleyo.

Izenzo. 2: 42: “Baqiniseka njalo esifundisweni sabaPhostoli, nasekuhlanganeni, nasekuhlephuleni isinkwa, nasemikhulekweni.”

UNkulunkulu ulindele ukuqina / ukuthembeka kithina kulenamikhakha ebalulekile.

Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

- Ukubaluleka kokulungiselela kwami inkonzo eNgcwele.
- Ukuqonda lokho okushiwo ukuhleleka kwezinkonzo eziNgcwele (uhlelo lwe-litheji).
- Ukuqonda ukuthi kungani kumele ngihambele izinkonzo eziNgcwele.



Umsebenzi womndeni

Lapha kulandela umsebenzi womndeni wonke:

Qondanisa umqondo **kukholamu A** nencazelo yomqondo **kukholamu B**. Bese uhlela izigaba ngokulandelana okulungile ngokuya ngezehlakalo enkonzweni eNgcwele.

IKHOLAMU A	IKHOLAMU B
1. Baba Wethu	A. isebenza njengesisekelo segama
2. UMkhuleko weSibusiso	B. umzimba negazi likaJesu Kristu kuba yinto ekhona kwisinkwa newayini
3. UkuNgcweliswa kweSidlo esiNgcwele seNkosi	C. yisimemezelo nokufundiswa kwevangeli
4. INkululo	D. kusimisela isimo senkonzo eNgcwele
5. IKhwaya	E. kukhuthaza ubudlelwane noJesu Kristu
6. Izwi leBhayibheli - umbhalo	F. Kusimisela isimo sokugubha umkhosi weSidlo esiNgcwele seNkosi
7. Intshumayelo	G. ngalokhu inkonzo eNgcwele iyaqala; sifuna uNkulunkulu
8. Umkhuleko wokuvula - "Egameni likaNkulunkulu uBaba, iNdodana, nelikaMoya oNgcwele"	H. umkhuleko esiwuthandaza sonke sindawonye lapho futhi sivuma nezono zethu
9. Umkhuleko weSidlo esiNgcwele seNkosi (wokuBonga)	I. siyabonga, siyacela nokunxusela thina kanye nomakhelwane.
10. Ukugubha umkhosi weSidlo esiNgcwele seNkosi (IsiThebe esiNgcwele)	J. isimemezelo sokuthethelelwa kwezono egameni likaJesu Kristu
11. Iculo lokuvula	K. isekela ukukhonzwa kweziNceku
12. Iculo lokuphenduka	L. inkulumo yokubonga ngomhlatshelo kaKristu, ngokusungulwa kwesonto nokuthunywa kwabaPhostoli.
13. Umkhuleko ekuphetheni inkonzo eNgcwele ngaphambi koMkhuleko weSibusiso	M. UNkulunkulu uphendukela kithi asiqinisekise ngomusa waKhe, uthando nobudlelwano baKhe



UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso

Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen



Notes

I-Altare* = Isibingelelo